# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngesonto 1 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 02. 06. 2013 31/2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 260/265

2. **Umkhuleko:** Ngiyambonga uJehova ngezikhathi zonke; ukudunyiswa kwakhe kuyakuba-sembongeni wami njalonjalo. Umphefumulo wami uyakuzibonga ngoJehova, abathobekileyo bayakukuzwa, bajabule. Mtuseni uJehova kanye nami, siphakamise igama lakhe kanye-kanye. Amen

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Johane 4:16b-21;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 16:19-31.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 259/106

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMathewu 9:35-38, 10:1-7, lithi: "UJesu wayihamba imizi yonke nemizana efundisa emasinagogeni abo, eshumayela ivangeli lombuso, ephulukisa izifo zonke nokugula konke. Kepha ebona izixuku waba-nesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi. Wayesethi kubafundi bakhe: Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana; ngakho-ke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo. Wayesebabiza abafundi bakhe abayishumi nambili, wabanika amandla phezu kwawomoya abangcolileyo ukuba babakhiphe, nawokuphulukisa izifo zonke nokugula konke. Amagama abaphostoli abayishumi nambili yilawa: owokuqala nguSimoni othiwa uPetru, noAndreya umfowabo, noJakobe kaZebedewu, noJohane umfowabo, noFiliphu, noBartolomewu, noTomase, noMathewu umthelisi noJakobe ka-Alfewu, noThadewu, noSimoni umKhanani, noJuda Iskariyothe owamkhaphelayo. Laba abayishumi nambili uJesu wabathuma, wabayala wathi: Ningayi ngendlela yabezizwe, ningangeni emzini wamaSamariya;

kodwa yanini kakhulu ezimvini ezilahlekileyo zendlu kaIsrayeli. Ekuhambeni kwenu shumayelani nithi: Umbuso wezulu ususondele." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, mangicele ukusho ukuthi: Yonke lemisebenzi emikhulu, uJesu wayenza eKapernawume. Ngasemva wathatha indlela yokuhambela eminye imizi ezweni laseGalile. Sithola ukuthi wayefundisa eshumayela ivangeli, ephulukisa izifo eziningi. UJesu iNkosi yethu washumayela kaningi emasinagogeni ngamasabatha, ngoba futhi wayaziwe ukuthi ungumfundisi. Umsebenzi wokufundisa nokushumayela wawuqhuba phambili. Nanamhla umsebenzi wokufundisa nokushumayela kufanele kube umsebenzi esiwuqhuba phambili. Wehlika uJesu ezuwlini, ngoba kukhona indaba, indaba okufanele yaziwe ngabantu bonke emhlabeni. Lendaba yevangeli yafika naye, isashunyayelwa namanje. Ngisho ivangeli lokusindiswa kwezoni egameni lakhe.

INkosi yaba nesihe, mhla ibona isixuku. UJesu iNkosi yethu wayengafuni lutho ngokukhuthala kanye nokusebenza kwakhe. Wenza konke, ngoba ebahawukela abantu, lesisihawu, noma isihe sasihambisana nothando. Okwabonwa iNkosi: Bakhathazekile, abanaye umholi, noma bengaboni njengoba nathi singaboni, kodwa yena uyabona ukuthi kukona imithwalo esiyithwele esilimazayo. Sithwele izono. Siyehla siyenyuka, singazi ukuthi siyaphi. Siphila usuku nosuku kodwa asazi ukuthi sizogcinaphi. Asikwazi ukungale kwethuna. Isisusa sokukhathazeka kanye nokukhathazeka sasilapho. Babe nawo amakhosi abaphetheyo njengoba kunjalo nakithi namhla. Babe nabo ababhali, abafarisi, kanye nabapristi, kodwa babengababaholi abangayazi indlela. Bengabapristi, kodwa bengabaholi abangayazi indlela. Bengabaholi abayizimpumputhe ezihola ezinye izinmpumputhe, Math. 15:14.

Bandla, uJesu wabona abantu benjengensimu eselungele ukuvunwa. Ngoba uma ingavunwa kuzokonakala konke. Mkhulu umsebenzi awubonayo okufanele siwenze thina uqobo. UJesu ubona izisebenzi zingekho, ziyingcosana. Izisebenzi azanele kulensimu enkulu kangaka. Kunjani namhla emabandleni akithi? Ngabe izisebenzi zanele na? Nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi ziye ekuvuneni kwayo. UJesu ufuna uthando ukusisiza ukuba sibone abantu ngamehlo

akhe. Abafundi babe ngabanakile abantu, bezenzela imisebenzi yabo. UMathewu wayengumthelisi, ethelisa abantu intela, abanye bedoba izinhlanzi, abanye bezenzela eminye imisebenzi. INkosi ifuna ukuba sibuke abantu, sibabone ngamanye amehlo. Umsebenzi asibizela wona ngowokudoba abantu. Washo kanjalo kuSimone, wathi: Ungesabi, kusukela manje uzakubamba abantu, hayi izinhlanzi nemibokwane. Funda Luka 5:10. Uma nathi simlandela uJesu sizoba nesihe noma isihawu ngabantu.

Nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi ziye ekuvuneni kwayo! UJesu uyibuyisela kithi lendaba yensimu edinga ukuvunwa, uthi: Masikhuleke, sicele iNkosi yokuvuna, ithume izisebenzi ekuvuneni kwayo. Futhi ufuna ukuba lendaba ibe umthwalo ezinhliziyweni zethu. Isu lakhe ukuba futhi athume bona abafundi. Nathi kufanele siwubone umsebenzi ukuthi mkhulu, sibe nomthwalo ngawo. Phakamisani amehlo enu, nibone ukuthi amasimu asemhlophe, aselungele ukuvunwa. Omunye uyahlwanyela, omunye uvune. Mina nginithumele ukuvuna lokho eningakusebenzanga. Abanye basebenzile, nina-ke ningene emsebenzini wabo, Joh. 4:35-38. UJesu ugcizelela ukuthi lendaba yokuvuna iqondene nathi, ngoba singabafundi bakhe. UJesu wafundisa abafundi, bayamukela imfundiso yakhe, wabanika namandla. Lamandla ayezoqondana nomsebenzi ababezowenza. Kwakungamandla ezithunywa zakhe. Amandla okuphilisa abagulayo, nokuhlenga abantu emandleni abomoya omubi, bawasebenzise egameni lakhe. Okusho ukuthi kuzosebenza amandla kaJesu. Khumbula oPetro noJohane, mhla beya ethempelini ngehora lokukhuleka, bathi kuloyamuntu owayeyisishosha, sibheke, isiliva negolide asinalo, kepha lokhu esinakho sikupha, khona egameni likaJesu Kristu waseNazaretha, hamba. Yiwo amandla aphiwa abaphostoli emsebenzini wabo. Engakavuki kwabafileyo uJesu wathuma abafundi bakhe ukuba baphulukise, bashumayela, esevukile wabathuma ukuba benze abantu bazizwe zonke abafundi bakhe ngokubabhapathiza nangokubafundisa, engaphindanga umyalelo wokuba baphulukise, wabathembisa kuphela ukuthi mhla bekhuleka nokucela uyabezwa ukuba abakhulekelwayo baphulukiswe.

Esenabo uJesu wayesethi kubo: Ningayi ngendlela yabezizwe. Kusobala ukuthi okuningi akusho kubaphostoli bakhe ngalesosikhathi akuqondani nabalandeli bakhe bezikhathi zethu. Ngalesosikhathi yayingakabikho indaba ababengayishumayeza abezizwe. Indaba yokushumayeza abantu, noma izizwe zonke yaqala emva kokuvuka kwakhe, mhla eyaleza abaphostoli kuMath. 28:19, yathi: Nenze izizwe zonke abafundi, zibhapathizwe egameni likaNkulunkulu uYise, neNdodana noMoya oNgcwele, bafundiswe ukugcina konke abayale ngakho. Ivangeli lokuphenduka nokuthethelelwa egameni lakhe lalingakabikho, ngoba uJesu wayengakabethelwa esiphambanweni. Okwalesosikhathi babethunywa ukuba baye ezimvini ezilahlekile zendlu kaIsrayeli. Esevukile kwabafileyo uJesu wavula iminyango ukuba abafundi baye nakuzo izizwe ezinye.

Umbuso wezulu ususondele, namhlanje uJesu iNkosi yethu uthi: Masiqhube lendaba yombuso wezulu eyaqalwa nguJohane umbhapathizi, owathi: Phendukani ngokuba umbuso wezulu ususondele. Vezani-ke nani izithelo zokuphenduka, ngoba nanamhla ivangeli lisashunyayelwa phakathi kwethu. Akusibo bonke abamukela indaba enhla eyivangeli. Futhi ngalesosikhathi kwamenywa abaJuda, ukuba bamamukele lowo ofikile ezomisa lowombuso. Thina sishumayela indaba eyenzekile, sichaza indlela okungenwa ngayo embusweni wezulu. UJesu usevulile indlela. Ngakho lokhu umuntu ophendukayo, avume ukuthi uJesu uyiNkosi empilweni yakhe, uyangena embusweni wakhe omangalisayo, okungumbuso wokulunga, nokuthula, kanye nokuthokoza eMoyeni oNgcwele. Yebo namhla uJesu uthi: Asishumeyele sithi: Siyaliwe nguye ukuba sifakaze ukuthi: Nguye omiswe nguNkulunkulu uYise uba aba nguMahluleli wabaphilayo nabafilayo. Nanokuthi bonke abaprofethi bafakazile ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayamukeliswa ukuthethelelwa kwezono. Asishumayele izwi lesiphambano elisindisayo nelingamandla kaNkulunkulu kulowo nalowo okholwayo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Yizwani nibone ukuthi uJehova muhle; ubusiswe lowo-muntu ophephela kuye. Mesabeni uJehova, nina-bangcwele bakhe, ngokuba abasweli lutho abamesabayo. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 234/269

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-E. Mkhabela.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.